Inzalabantu

no:Sbo Chonco

Uyawuthanda umndeni wakhe lo somabizinisi

BANINGI abantu abake bacabange ukushiya phansi izikhundla zabo ukuze bazisungulele amabhizinisi abo, kodwa lokhu akubi lula, ngoba umuntu usuke esejwayele ukuthola imali yomholo engazi ukuthi ibhizinisi lizomphatha kanjani.

UNkk Gugu Moloi owaba yi-CEO eMgeni Water kanti futhi owaduma kakhulu ngokungenisa inzuzo kule nkampani ungomunye wabesifazane abalaxaza izikhundla zabo ukuze bangene kwawabo amabhizinisi, ngenxa yothando lokusiza umphakathi. UGugu ungumama wabantwana abathathu okungu Lebo (18), Khotso(15) noLungi (12) uphinde abe ngunkosikazi kuKhehla oyi-Land Surveyor enkampanini yakhe.

UGugu uthi unothando olukhulu lo mndeni wakhe njengoba enomuzi eHillcrest kwenye yezindawo ezihlala abantu abadla izambane likampondo.

Ukuba lapha akhona namhlanje kudinga umuntu wesifazane ongaxhamazeli kodwa onesibindi futhi ozaziyo ukuthi udingani empilweni yakhe aphinde abe ne-vision.

"Ukuba ne-fear uma uzoqala ibhizinisi lakho kuba khona, kodwa khona uma unama-dreams uzazi ukuthi ufunani empilweni kumele ungawesabi amachallenges aqhamukayo. Abantu uma bezoqala amabhizinisi akumele bathembele emalini yempesheni ngoba lokho kungaba yingozi kakhulu futhi umuntu kumele abe nemali yokuqhubeka nempilo mhlawumbe azibekele isikhathi esingangonyaka azitshele ukuthi uzobe esazama ngaso," kubeka uGugu odabuka eBulwer esigodini saseMkhohlwa, KwaZulu Natal.

Gugu Moloi

Naye uthi waqala phansi njengoba waqala ngokuba yi-Town Planner kwenye yezinkampani. Ngaphambi kokujoyina uMgeni Water uke waba yi-Chief Director ku-National Government ePretoria. Uthi lapha wachitha isikhathi esinga-ngeminyaka emithathu kepha wayeqinisekisa ukuthi uyaxhumana nomndeni wakhe zonke izinsuku yize noma kwakumkhathaza ukungabi seduze nawo kodwa kwakuyindlela yokuqhubeka necareer yakhe. Isikhundla sokuba yi-CEO usiqhoqhobale iminyaka emine njengoba ashiya ngo-2006 kanti uthi into ebimkhathaza kakhulu wukuthi ubengasenawo amachallenges ubesefisa ukwenza into entsha ngempilo yakhe.

"Inkampani yami yenza kahle kakhulu noma ingakafiki kulelo zinga engilifisayo, okwamanje anginawo ama-client amaningi ngoba ngifuna ukunikeza isikhathi lawo enginawo futhi ngikhiqize namathuba omsebenzi ebantwini bakithi. Kuhle ukuthi uma ungumuntu uzifundise izinto ezintsha empilweni. Uma unokwesaba ungaqala ngokuba sebhizinisini lakho part-time bese uma kuhamba kahle ugxile kulona," kubeka uGugu onenkampani ebizwa nge-IMAN' Africa.

sboc@ilanganews.co.za